

ABAKWA-SARS BAFOHLOZE 26 WEZIMOTO EZINGEKHO EMTHETHWENI EKULWENI NOKUNGATHOBELI

Durban, 23 kuLwezi 2018 – Ekuseni namuhla, aboPhiko IweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) bafohloze izimoto ezingekho emthethweni njengengxenye yetulo lokuvimbela ukungathobeli emikhakheni eyehlukene eMnyangweni wokuThelisa.

Lokhu kulandela ukhukhulelangoqo wezinsuku ezimbili wohulumeni ababili obuseThekwini namaphethelo wokulwa nokuhweba okungemthetho.

Kunyakamali odlule, abasebenzi boMnyango wokuThelisa eKZN sebedle izimoto ezingama-26 ngokwephula imithetho okwehlukene kanti manje lezi zimoto seziwele ezandleni zombuso emva kokulandelwa kwezinqubo ezifanele zezomthetho. Sezisonke inani lazo uma zithengiswa zingacishe zifinyelele ku-R4 million.

Ukungeniswa kwezimoto eseziphelela kwezimoto zasetshenziswa ezingeniswe ezweni akuvulelekile eNingizimu Afrika. Ngaphambi kokuthi izimoto zingeniswe eNingizimu Afrika, iklasimende kumele liqale lithole imvume yokungenisa impahla ezweni etholakala kuKhomishana oweNgamele ukuHweba kweziZwe liphinde futhi lithole iNcwadi eGunayazayo ku-National Regulator of Compulsory Specification.

Kuqala, izimoto ezibanjwe eseziphelela kwezimoto zasetshenziswa ezingeniswe ezweni zazidayiswa endalini yoMnyango wokuThelisa njengezithelekswayo, kodwa lezi zimoto njalo nje zazizithola sezibuye eNingizimu Afrika. Ngokungangabazi lokhu kunomthelela embonini yakuleli ekhiqiza izimoto, okuyimboni enesandla esingaba u-7.5% kusambamkhiqizo sezwe. Le mboni ebalulekile ithinteka kakhulu ngenxa yokuncintansa okungenabulungiswa obudalwa ukutheleka kwezimoto eseziphelela kwezimoto zasetshenziswa.

Kulezi zimoto ezingama-26 eseziwele esadleni sombuso kulo nyakamali eKZN, ezine zazo zifohlozwe namuhla kanti eziyi-15 zisanda kufohlozwa emasontweni edlule. Ezisele zizofohlozwa lapho okuzobe kuqaphe khona uMnyango wokuThelisa kulawa masonto ezayo.

Kuzolandela inqubo efanayo ezweni lonke, nokuhlelwu ukuba kulandele i-Gauteng bese kuba yiLimpopo. Okwamanje zingama-317 izimoto eseziwele ezandleni zombuso kuzwelonke kulo nyakamali.

Ukhukhulelangoqo obonakalayo wezinsuku ezimbili (20 no- 21 kuLwezi) osendaweni yaseThekwini ufake neminye iMinyango kaHulumeni efana ne-SAPS, Immigration, Cross Border Road Traffic Agency kanye ne- EThekwini Metro Police.

Obugxile kukho kakhulu lo khukhulelangoqo bekuwukuvimbela ukungathobeli uma kukhulunya ngokungeniswa/ngokuthelekswa kwezimphala, ukushushumbiswa kwezinto ezingekho emthethweni kanjalo nokugcinwa/nokuthuthwa kwezimphala eseziphelela kwezimphala zasetshenziswa.

Ububandakanya nezimvimbamgwaqo ezindaweni ezaziwa ngokuba yingozi, ukuhlolwa kwamakhontena, izimpahla, izindlu zokugcina izimpahla eziyizibambiso, ukuqapha, izindawo zokuhlolwa izimoto, ukuhlolwa emasangweni kanjalo nokupeqululwa kwemithwalo.

Kuze kube manje, umphumela wokhukhulelangoqo ubandakanya:

- Ukuboshwa kwezimoto esezike zasetshenziswa ezingeniswe ezweni ezingama-260 ukuze kuqhutshewa nophenyo lokuthola ukuba semthethweni kokungeniswa kwazo ezweni. Zatholakala ngesikhathi kuphenywa izindlu ezimbili zokugcina impahla ebanjisive yoMnyango wokuThelisa mhla zingama-20 kuLwezi. Lezi zimoto zivumeleke ukuba sezindlini ezigcina izimpahla ezibanjisiwe iminyaka emibili ngaphandle kokukhokha intelo. Kodwa-ke, sezidlulelwwe isikhathi okusho ukuthi bese zephula imibandela yemvume
- Ukubanjwa kwezimpahla ezsolwa njengezimpahlambumbulu ezingalinganiselwa ku-R6 million e-King Shaka International Airport (KSIA) mhla zingama-20 no-21 kuLwezi. Izimpahla zatholakala ngenkathi kunokuphenywa okungahleliwe ohlangothini lwezimpahla ku-KSIA
- Ukutholakala komthunzi wezinkukhu ongu-30kg uma ucindezelwe emotweni eyamisa kumvimbamgwaqo ebiso-Tongaat mhla zingama-21 kuLwezi. Umthunzi wezinkukhu, owawupakishwe epotimendeni ebhuthini yemoto, wahlonzwa izinja ezhogelayo zoMnyango wokuThelisa. Inani lawo lilinganiselwa ku-R2 million
- Ukuhlola esangweni lasechwebeni lase-Durban mhla zingama-20 kuLwezi kwholela ekutholakaleni kwamanabukeni okusolwa ukuthi angamanabukenimbumbulu ayepakishwe kukhontena engu-40ft . Azothululwa namuhla ukuze kuhlonzwe ubuqiniso bawo.

Ukusebenzisana ngokubambisana neminye iminyango kaHulumeni, uMnyango wokuThelisa uzoqhubeka nalo khukhulelangoqo ezweni lonke ukuze ubhekane nohwebo olungemthetho kubona bonke abasebenzisana noMnyango wokuThelisa ukuze uvikele umnotho nomphakathi.

Ukuze ubone imifanekiso, cofa lapha.